


# ISIDLO

 ...emphinjeni wami kusukela kwezithile, izinkonzo ezilitshumi lanhlanu phandle eArizona. Saba lesikhathi esimangalisayo. INkosi uJesu yasibusisa ngokwedlulisileyo, ngokunengi. Bazama ukusebenza nje kancinyane ngokwecebo leNkosi, ngiyathemba lokhu, kuzakuba yindlela eqondileyo yokukubeka, ukungena loku gombela indawo ngomlilo, kuqala. Ngangena insuku ezithile ngaphambi kwesikhathi, ngaba lenkonzo ezilitshumi kumbe ezilitshumi lambili kuwo wonke amabandla amakhulu ePhoenix, eSunnyslope leTempe leMesa laphansi lapho, ngangathi ngiyagombela ngomlilo indawo yonke futhi-ke ngalikhokhela lonke ngobusuku obuhlanu bomhlangano omkhulu. Futhi kwakuyinkalakatha yomhlangano omkhulu esake saba lawo eNyakatho yaseMelika. Kwakungomkhulu. Ukudla kwekuseni okukhulu, futhi—futhi njalo i—idili lobobusuku.

<sup>2</sup> Ngangingeke nje ngitsho ukuthi babebangaki labo abemukela uMoya oNgcwele. Kwaku—kwakukuhle kakhulu ukuthi babebangaki abamukela uMoya oNgcwele, lokuthi bangaki abasiliswayo futhi—futhi basindiswa, ku—kungokumangalisayo nje. Ngakho silokubonga kuNkulunkulu lapho sibona isikhathi sihamba. Amadoda amanengi amakhulu angena. Omunye we . . .

<sup>3</sup> Lokhu kuzamenzela kahle sibili uMfowethu Neville. Ngibone umtshumayeli wePresbyterian, ophuma ePresbyterian College enkulu khona e . . .kulesisizwe, edansa eMoyeni. O, minabo, kwakungenye into sibili, wemukela uMoya oNgcwele. Futhi-ke wangitshela, wathi, “Ngilenye yamathephu akho.” Wathi, “Yayinganhle kangako.” Wathi, “Yayingathi nje ilokweqa, kodwa,” wathi, “Ngayihambisa khona ekholeji yami futhi ngayikhalisa.” Futhi wathi . . .Eyindoda enkulu yokwezengqondo lapho, wabathulisa bonke. “Awu, benza okoKuyizwa kanye, kungenani,” wathi. Futhi wathi wayele . . .

<sup>4</sup> Futhi wathi waqala ukudansa eMoyeni ebandleni lakhe, emva kokuba esemukele uMoya oNgcwele, futhi bathi, “Mhlonitshwa, uzafunda nini isitepu esitsha na?”

<sup>5</sup> Wathi, “Lapho ibandla lami lifunda lesi.” Ngacabanga ukuthi lokho kwakukuhle sibili, liyazi, omkhulu wePresbyterian, yebo, wathi, “Lapho ibandla lami lifunda lesi.” Ngakho leyo yinto enhle. Njenge ngane encinyane, emutsha nje futhi kukanti ube . . .Awu, liyazi lokho okumele abe yikho, ukuba yisikhwicamfundo sokwezengqondo ePresbyterian College enkulu eBoston, awu, iseUnited States.

<sup>6</sup> Ngibone omunye omkhulu wabodokotela bokuhlinza inhliziyi waboMayo etshumayela iVangeli eMoyeni futhi ekhuluma ngendimi. O, minabo! Ngibone enye ingcwethi, eyayingumSeventh-day Adventist, ephuma e...Waye yi-yi-yingcwethi yenhliziyi lomphimbo njalo, futhi yena, indoda endala, wemukela ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Wawamukela. Ngobunye ubusuku ngabeka izandla phezu kwakhe emagumeni, futhi wemukela uMoya oNgcwele. Ngakho si...izinto ezinengi nje iNkosi yethu eyazenzayo esilokubonga ngazo, futhi ikakhulu sibona kulesi isikhathi.

<sup>7</sup> Khona-ke ngathi kibo, “Uyananzelela ukuthi leli kulihola bani lapho intombi ezileleyo ziqala ukucela amafutha?” Kwakuyisikhathi leso uMyeni afika ngaso, futhi abantu, Abalungiseleleyo bangena. O, ngiyathokoza sibili ukubakwazi ukuthi siphila lapha kulezi insuku zokucina. Bona? Ngiyakholwa ukuthi siphila kwesinye isikhathi esihle sibili leso umhlaba ongakaze ube sazi, ngaphambi nje kokuBuya kweNkosi. Akumangalisi lokho na? Cabanga, ukuthi loba yisiphi isikhathi manje, yonke iMibhalo isiphosa igwaliseke! Futhi-ke siMkhangelele loba yisiphi isikhathi. Futhi kufanele siphile ngaphansi kwalolohlobo lwezinkangelelo, ukuthi, nje loba siphil isikhathi kungenzakala. Banini ngabakhulekileyo, lilungiselele!

<sup>8</sup> Kwezinye ingxoxiswano lamuhla, ngi, omunye, ngihlangane lomishinari ovela eFormosa, umfazi oliqhawe, iminyaka engamatshumi ayisikhombisa lantathu ubudala, futhi ubangedlula ngokungaba amatshumi amane lanhlanu. Futhi ulokhu esangu—nguNkosazana, futhi wayemele ukuthi wayeyinkazana encinyane enhle. Futhi wathi wakhuliswa ekhaya lamaKhristu lapho u “yebo” wayesitsho uyebo, futhi u “hatshi” wayesitsho uhatshi. Futhi wakhula ngaphansi kwalokho kufundiswa okulukhuni. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, eminyakeni eyayingaba, o,” wathi, “ingaba yiminyaka eyisificaminwembali ubudala, Ngacabanga ukuthi nganikela impilo yami eNkosini uJesu.” Wathi, “Phose iminyaka elitshumi lambili ubudala, ngayengwa ngomunye umtshumayeli wenhlanganisano yesonto othile, ukuthi kumele ngithole isibusiso sesibili,” futhi wathi, “futhi ngakhohliswa kabi kuso.” Kodwa wathi, “Phose iminyaka elitshumi lesikhombisa ubudala, ngempela ngemukela uMoya oNgcwele.” Futhi usebuyele lapha manje ezama ukuvusa amanye alawa amabandla eBaptisti aleleyo. Wathi nxa—nxa kwakulento ayibonayo eyayi “file,” yena ngumBaptisti ngokwakhe, wathi, “yilawa amabandla eBaptisti afileyo ngemuva lapha.” Wawabiza “amamotshari.”

<sup>9</sup> Ngathi, “Awu, ngithemba lapho usenkundleni yempi...” Ngicabanga manje u...Cabanga nje, mina, amatshumi amahlanu lambili, wayephandle njengo'mishinari ngingakazalwa. Futhi-ke ngicabanga ukuthi besengisiba mdala

kakhulu ukungena enkundleni. Futhi ngiyacabanga, “Minabo, ngithethelele, Nkosi.”

<sup>10</sup> Futhi yena, ekahle, ekhaliphile ehlakaniphile ngalokho angaba yikho. Futhi-ke engitshela izehlakalo ngasendleleni, lokuthi iVangeli lalidingeka kanjani eFormosa la—laseChina, laseJapan, lokunjalo. Ngakho bamphendukisa enkundleni, bathi, “Awungeke uye enkundleni emva kokuba usudlule amatshumi ayisikhombisa, uyazi.” Ngakho bambuyisela emuva. Kodwa akayi kuba elokhu ethule, uya kuyo yonke leyimihlangano emikhulu yamaBaptisti. Futhi wathi, “UBilly Graham,” wathi, “indlela ayeqhuba ngayo umbiko weBaptisti, yaye iyisikwelete ebandleni leBaptisti.” Wathi, “Akabasi kude okweneleyo ukuba bathole uMoya oNgcwele,” wathi. O, dadewethu, hlala kanye lalokho. Lokho kulungile. Wathi, lawo amaChina ngemuva-le, wathi wayengeke awavumele nje ahambe futhi esithi, “Siyakholwa uJesu Khristu.” Wathi, “Lokho kwakulungile,” kodwa wathi wabenza bahlala khonapho kwaze kwenzakala enye into, futhi-ke baba ngamaKhristu aqotho.

<sup>11</sup> Ngathi, “Yiyo indlela okuhamba ngayo, dadewethu. Batshela nje, mabahlale kuze kwenzakale enye into.”

<sup>12</sup> Aluba abapostoli babethe, manje, emva kwensuku eziyisificamunwemunye, “Siyakholwa ukuthi sesiLawo, bona, asiWamukeleni ngokholo futhi siqhubekele phambili ngomsebenzi wethu.” Bona, kwakungasoze kusebenze. Balindela lapho baze babakwazi ukuthi enye into yenzakele. Futhi yilo uluhlupho ngathi lamuhla, asihlali isikhathi eside okweneleyo. Awu, yiso isizatho emva kwalokho siphila nje loba yiluphi uhlobo lwempilo, sisenza loba yini, kakusihluphi, ngoba kasihlali lapho isikhathi eside okweneleyo. Lamuhla siphakathi, kusasa siphandle, futhi *lindlela laleyondlela*. Nxa singahlala isikhathi eside okweneleyo uze ungene futhi uvale umnyango ngemuva kwakho, uzakuhlala lapho khona-ke. Ufakwe uphawu kuze kube lusuku lokuhlengwa kwakho. Ngiyathokoza kakhulu ngalokho.

<sup>13</sup> Futhi saba lesikhathi esikhulu, njengoba ngatsho, ePhoenix lesihotsheni lamaKhristu amanengi lapho, abanengi babo bebambelele ngempilo ethandekayo.

<sup>14</sup> Ngaya phezulu eSouth Mountain, umkami emuva-le, lami. Ngolunye usuku lapho, abangane, umfowethu, uDoc, wagcina amankazana amabili, futhi—futhi uMfowethu loDadewethu Wood bagcina umfana, futhi mina lomkami saba lekhefu lesibili lokusandukutshada. Futhi wathi, “Bill, uyazi, leli bekungathi likhefu lokusandukutshanda ukwedlula elakuqala.” Wathi, “Isikhathi sokuqala sisiya kukhefu lokusandukutshada, into kuphela engayenzayo kwakuyikhulala esihonqweni futhi ngikulindele ukubana ubuye uvela zingela,” watsho.

<sup>15</sup> Ngangathi ngisebenzisa iqhinga elincinyane, uyazi. Ngacabanga, “Awu, manje, angilamali enengi.” Egcinwe egabheni lephawuda yokuphekisa isinkwa, eyeneleyo ukuya ohambweni lokuzingela, kukanti ngangizakutshada ngaleyokwindla. Ngakho ngacabanga, “Kwenze nje konke ndawonye,” uyazi. Futhi—futhi lapho ngisiya ohambweni lokuya zingela, kwakuzakuba kulikhefu labasandukutshada, liyazi, futhi-ke sahlanganisa. Kodwa lesi sikhathi sakubhadalela futhi saphuma sibili, futhi, ngani, sabalesikhathi esikhulu.

<sup>16</sup> Futhi abanengi babo bavela ethabhanekeli lapha. Ngiyakholwa uMfowethu Sothmann, imuli yakhe ingemuva-le, loMfowethu Tom Simpson labanye, loMfowethu Maguire, futhi sonke saba lezikhathi ezinkulu eNkosini.

<sup>17</sup> Futhi-ke sahamba phezulu eSouth Mountain, okuyiningizimu yePhoenix, futhi sasuka kulokho kubandezeka. Uh! Ukubandezeka edolobheni lesimanje! Akumangalisi lapho abantu beqala ukwanda emhlabeni, isono, lobudlwangudlwangu kwangena. Futhi ngakhangela phezulu lapho, futhi sihlezi khonale phezulu ukuze sibone isihotsha sasePhoenix, ngathi kunkosikazi, “Ngingazi ukuthi kukangaki, selokhu sihlezi lapha kulimizuzu elitshumi lanhlanu, ukuthi iBizo leNkosi liphathwa ngeze kulelidolobho?” Hmm?

<sup>18</sup> Mayelana, awu, endaweni yedolobho elikhulu, kungenisa iTempe le—leSunnyslope, kudlulisela lapho, ngicabanga kukhona isigidi sabantu kuleso sihotsha. Ngathi, “Iminyaka engamakhulu amathathu edluleyo kwakungela lutho kodwa idolofiya lamakhanka phakathi lapha. Futhi khona mhlawumbe, emehlweni eNkosi, kwakungabe kungcono nxa kwakunjalo emuva njengalokho.” Kunjalo. Lanxa i—idolobho elikhulu abalakhayo lapho, lamakhaya amahle lokunjalo, kuhle. Kodwa kwakuzakuba kuhle, kwakuzakuba ngcono uba indoda labafazi babehamba besenyuka lokwehla ezitaladeni lezandla zabo ziphezulu emoyeni, bedumisa uNkulunkulu futhi beMbonga. Kodwa, kulalokho, yikuthuka, ukuqhubeka, ukunatha. Vumela nje impucuko ingene, futhi lobubi sobulapho.

<sup>19</sup> Ngathi, “Bungaki ubufebe obenziweyo izolo ntambama, izolo ebusuku kulelidolobho! Bangaki abadakwayo! Mangaki amakhaya. . . Zingaki—zingaki izinto ezingahleleka ezenziweyo kuhola eledluleyo, kulelidolobho elikhulu!”

<sup>20</sup> Futhi unkosikazi wathi kimi, wakhuluma khona-ke into enjengaleyi, lapho ngicabanga, “Kwakuzanceda ngani ukubuya lapha khona-ke? Kungani usuke ngekhaya ubuya phandle lapha na?”

<sup>21</sup> Khona-ke ngathi, “Nanku lokho okuyikho. Emva kwakho konke lokho, okusenengini ngeqiniso, kodwa kukhona ingcosana encinyane phansi lapho. Mingaki imikhuleko ethembekileyo

enyukileyo kuntambama edluleyo phansi lapho, isiza nje enkonzweni?”

<sup>22</sup> Futhi Wayemuhle kakhulu kithi ukuthi amabandla ayegcwala ilanga lingatshoni, ukuthi wawungeke ungene emagumeni ngakuleyo ndawo. Futhi zona izinhlanganiso lokunjalo, futhi iNkosi yathulula uMoya Wayo futhi yababusisa. Futhi angigodlanga izibhakela, ngaqhubeka ngingqinda khona eVangelini. Futhi kwezinye izikhathi, yebo sibili, kulukhuni sibili, kodwa kuyiyo kuphela indlela engiyaziyo. Kulukhuni phakathi lapha. Ngakho kuzakuba lukhuni okwedlulisayo esiHlalweni sokwaHlulelwa lapho okuzamele sikumele. Ngakho, ndawonye, kwakuyinto eyinkazimulo. Futhi sifuna ukubonga ibandla lapha ekusikhulekeleni lokuba babe besibambele, lo—lokusigcina duzane lesiphambano.

<sup>23</sup> Futhi manje ekuphendukeni ngek haya-ke, phakathi lapha, futhi bengizakuba ngehle phansi lokhu kusa mhlawumbe ukukhulekela abanye abagulayo. Ngilengxoxiswano ezinengi ezilindeleyo, izindaba ezinye zazo engangena kuzo ensukwini ezithile selokhu ngilapha, bengilindele inyanga selokhu ngahamba. Ngakho bazama ukungena kuzo ngokuphangisa abangakwenelisa, babathole endaweni ezehlukeneyo lapho ezikhona.

<sup>24</sup> INkosi ithanda, phose kwamabili kumbe edlulisileyo amaviki, ngiya eTucson, lokho yingxenye ephansi. Futhi manje osomabhizimusi lesi isikhathi, ukuze likhulekele lokhu... Kangithandi ukwenza ulutho kuze kuthi kuqala ngikholwe ukuthi kuyintando yeNkosi. Manje, umhlangano omkhulu uza eModesto futhi-ke kusuka lapho kusiyi eWashington, isizwe, Washington, laseZurich, khona-ke ePalestina, futhi-ke laseSouth Africa. Futhi konke lokho kuthatha indawo phakathi kwamanje loNhlangu. Futhi nganxuswa ukuba yisikhulumi kuyo yonke leyo imihlangano emikhulu. Futhi kunganginika ithuba lokungena eSouth Africa njalo. Ukubizwa kwabo, inyanga zonke sithola ukunxuswa. Kodwa nxa okukodwa . . .

<sup>25</sup> Kulokudazukana okukhulu emabandleni, amabandla amaPhentekhosti. Futhi nxa usiya kolunye uhlangothi, olunye kalusoze lube lokokwenza lakho. Futhi kabasoze basebenzelane ndawonye, ngakho ngimile manje okungaba yiminyaka emihlanu ngilobizo enhliziyweni yami ukuhamba. Futhi manje, mhlawumbe nxa osomabhizimusi bengangingenisa, okweneleyo nje ukugxiliswa, lokho kuvela nhlangothi zonke, uyabona, futhi-ke lokho kwenza bonke bafike ebudeni. Bonke bayabuya futhi basebenzelane kulokho ngoba izidingo zemali zawo—izidingo zamabandla awo zilapho, ngakho kufanele babuye ukuzocina isithunzi sabo, uyabona. Ngakho mhlawumbe kungaba yintando yeNkosi, kungenani, kangikwazi. Kuzwakala kukuhle, kodwa kangikwazi.

<sup>26</sup> Futhi-ke, kulumnyaka, uMfowethu Borders ungiphe uluhlu lohambo, kumbe, ukunxuswa. Futhi, qiniso, kwakulibhuku *eliphindwe* kabili uhlonzi elingenileyo selokhu kwaba yiKhisimusi edluleyo, okukunxuswa ndawo zonke. Kukhulu kakhulu engqondweni yomuntu ukuzama ukukulungisisa, ngakho angizange ngithathe loba yikuphi kwakho. Ngizathatha nje umhlangano owodwa, futhi ngilindele futhi ngibone lapho iNkosi engitshela khona ukuthi ngihambe kusukela lapho, khona-ke besengisiya kolandelayo, futhi-ke olandelayo, futhi loba ngaphi Angitshela khona ukuthi ngihambe. Ngakho, lingikhulekele.

<sup>27</sup> Ngiyakhumbula umnyaka odluleyo, phansi loMfowethu... kumbe uDadewethu Cox phansi lapho, lapho uMfowethu Arganbright wangibiza ukuhamba kuloluhambo kusiya eAnchorage. Aluba ngangihambe kulokho nje ngokucabangela ukuthi kwakulungile?

<sup>28</sup> Manje, bengicabanga lokho, *ukucabangela*, ngatshumayela ngesifundo salokho. Ngathi lapho ngiphuma phandle lapho, ngatshela abafana bamathephu, "Lingathathi amathephu. Lingaphumeli amathephu, ngizakutshumayela ngezifundo ezifanayo engazenza lapha." Ngicabanga ngatshumayela esisodwa engasenzayo lapha, ezinye zonke zazingezintsha. Futhi uMfowethu Maguire wazithola, zonke.

<sup>29</sup> Ukucabangela. Ngakho nxa ngangingabe ngihambe *ngicabangela* phezulu lapho, kwakuzakube kwahlukile ngeqiniso kulalokho okwaba yikho, umbono wawungasoze ube ugqwalisekile. Kodwa umbono wagqwaliseka, futhi lonke liyakwazi lokho, ukuthi iNkosi yabusisa njani.

<sup>30</sup> Manje, kulenye into ebisenhliziyweni yami isikhathi eside. Bandla, likukhulekele. Lonke lina bantu lapha liyakwazi ukuthi kusukela ngisasengumfana omncinyane angikaze ngisuthiseke kuleli lizwe. Inhliziyo yami yonke ihlezi ilangazelela iNtshonalanga. Futhi ngiyakhumbula lapho ngiqumela umamazala wami utshani phezulu lapho endaweni encinyane lokho kwakuyi...kwakungokwebandla lapha, leyo ndawo. Ngangihlezi emastebhisini, futhi uMoya oNgcwele wakhuluma lami, Wathi, "Angingeke ngiqhubeke ukukubusisa uze uNgilalele ngokugcweleyo, njengo Abrahamama." Bona? Futhi, uAbrahamama, uNkulunkulu wamtshela ukuthi azehlukanise futhi ayekuye. Futhi, lapho ekwenza, wahamba loyise, umzukuluma wakhe. Futhi kwaze kwathi uAbrahamama eselalele ngokugcweleyo uNkulunkulu, khona-ke kwaba lokugqwaliseka okupheleleyo kwalokho uNkulunkulu amthembisa khona. Futhi isibopho, esinye sezibopho esikhulu esangibophela lapha, kwakungumama wami. Liyakwazi lokho. Futhi manje umama usehambile ukuyakuba leNkosi uJesus. Futhi a—angikwazi ukuthi ngiphendukele ngaphi, lokokwenza, ngakho lingikhulekele.

<sup>31</sup> Manje, Mfowethu Neville, ngaphumela kupulathifomu, ngacabanga, “Awu, ngizaphumela lapho.” Omunye umuntu wahlangana lami futhi wathi, “Minabo, balenkonzobalo enkulu sibili lobubusuku.” Wathi, “Bazakuba lenkonzo yokutshumayela, inkonzo yokuhlabela, inkonzo yomkhuleko, futhi-ke besebethatha iminikelo, futhi-ke bathi balo—balokugezana inyawo, isidlo, lenkonzo yobhaphathizo.”

<sup>32</sup> Ngacabanga, “Mfowethu ohawulayo! Minabo! Minabo, konke kwalokho, ngiyakwazi ukuthi lokho kuyini, mhlawumbe emva kokutshumayela kalukhuni lokhu kusa.” Manje, ngacabanga, “Ngizanyenya phezulu lapho, mhlawumbe uzafuna nginikeze isidlo.”

<sup>33</sup> Futhi wathi, “Ungasikhulumela lobubusuku nxa usizwa ukukhokhelwa?” Ngakho ngiyakwazi ukuthi lokho kutshoni. Ngakho-ke ngabuyela futhi ngathola uMbhala lapha futhi ngathola amanothi amalutshwane, futhi mhlawumbe iNkosi izangisiza ukwethula uMbiko omfitshane nje ongaba ngamahola amane, futhi-ke sizakuba lokugezana inyawo kwethu—kwethu, futhi-ke isidlo. Futhi-ke, futhi, o, ngi, mhlawumbe ngizakuba sengiqedile ngaphambi kwalapho. Hatshi, bengilidlalisa nje. Okungaba amatshumi amabili, imizuzu engamatshumi amathathu, futhi-ke sizakuba lombhaphathizo, inyawo-... Kuyini okulandela lokhu, isidlo? Isidlo silandela lokhu, khona-ke inkonzo yombhaphathizo.

<sup>34</sup> Manje, siyajabula ukuthi lizakubhaphathizwa. Manje, nxa uNkulunkulu ethanda futhi lokho kuMthokozisa, futhi kulungile lomalusi labantu, ngeSonto elandelayo ekuseni ngizakuba ngiphansi ukukhulekela abagulayo, lokukhuluma, nxa iNkosi ithanda, liSonto elandelayo, ngoba mhlawumbe iSonto elandelayo ngizakuba sengihambile njalo lesosikhathi. Futhi manje lapho sengingenile, ngithanda ukungena futhi—futhi ngikhulume lapha, ngoba singathi sihlangeanele ndawonye njengabazalwane, loMfowethu Neville lami lapha, futhi si—siyathandana, futhi si—si—sifuna ukuhlala eduzane futhi sisizane omunye lomunye. . .

<sup>35</sup> Lokhu kuzwakala sengani akula nhlonipho, kodwa ngithemba akuzwakali ngaleyo ndlela kini, uMnu. Cory wathi ngesinye isikhathi, wa...ngangise mkhankasweni wezibane, ngithengisa amaglobhu enkampani. Futhi wathenga amaglobhu amanengi sibili ayengamgcina okweminyaka emine kumbe emihlanu, Ngaphenduka futhi ngathenga iFord kuye. Wathi, “Billy, ngiyakholwa siyanwayana umhlane nje.” Ngakho lokho, awu, singathi nje siyanceda ngesikhathi sesidingo. Ngakho lokho—lokho kunjalo. Siyazi ukuthi size njani ekusizananeni lokuthi sancedane.

<sup>36</sup> Manje, kasiyeni kungxenye yakho epheleleyo manje, futhi nxa ngingaphambanisi, ngiyakholwa ngibona uMfowethu Beeler

ngemuva-le, omunye umfowethu ongumtshumayeli. Futhi lamuhla lapho ngisedlula, uMfowethu Junie Jackson wayemile phandle lapha egumeni loMfowethu Creech. Baba lenkonzo yini lapha kwezinye izikhathi? Inkonzo yobhaphathizo, ngiyabona. Kulungile, singenza amanzi abekhona nxa bengathola ongangena. Si—silawo amanzi, kulungile.

<sup>37</sup> Ngakho manje, njengokuba sizakuba lesidlo, Ngicabange ukuthi kungaba kuhle nxa ngikhulume ngesidlo okwemizuzu nje emilutshwana.

<sup>38</sup> Manje, singakasondeli eLizwini, asibekeni yonke into eceleni manje, futhi konke okobuntwana kwethu lendlela zobuntwana, futhi—futhi sisondele ebuKhoneni bukaNkulunkulu ngomkhuleko. Kasikhulekeni. Manje lamakhanda ethu ekhothanyisiwe, futhi ngiyathemba lenhliziyo zethu njalo, nxa kulesicelo phakathi lapha esinga... ongathanda ukusazisa kuNkulunkulu, futhi ungathanda ukuthi ngikukhumbule phambi kukaNkulunkulu, ungakwazisa nje ngokuphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu. Nkulunkulu nika isicelo somuntu wonke.

<sup>39</sup> Nkulunkulu Somandla, Baba weNkosi yethu uJesu Khristu, OwaMvusa kwabafileyo futhi waMhlalisa esandleni sokunene soMkhulu, ohlezi ephila ukwenza ukunxusela phezu kwezinto esikhohlwa ukuthi Wasenzela zona, futhi sizivuma ukuba njalo. Siyakhuleka Nkosi Nkulunkulu, ukuthi lobubusuku, ukuthi Uzathethelela izono zethu. O, sifuna ukuhlala ngaphansi kweGazi kuzo zonke izikhathi, ngoba asikwazi nje ukuthi kuyini okungenzakala. Zonke izinto zaphethwa, siyezwa, Nkosi, ukuthi ukubuya kweNkosi kusondele. Futhi silungiselela ukuthatha uhambo. Futhi lapho sicabanga ngohambo, singacabanga ngamasuthukhesi, le—lempahla ezezeziweyo lezichathulo ezengeziweyo. Kodwa kwahluke kanganani kulolu hambo! Akusikho kupakitsha; yikwethula, ubeka eceleni. Njengenceku Yakho enkulu, uPhawuli, wathi eBhukwini lamaHebheru, isahluko 12, “Silahla konke okusindayo lokungakholwa okusithandele kangaka, ukuze sigijime ngokubekezela umjaho obekwe phambi kwethu.”

<sup>40</sup> Futhi asingeke siprofithe manje ngezinto ezinhle kulumlaba walamuhla. Into kuphela esingayiprofetha ngoMoya yingozi, izinhlupho, ukuzamazama komhlaba, amagagasi amakhulu, ilanga lenyanga kusehluleka, ibandla esikhathini seLawodikeya, uKhristu ephandle komnyango, eqoqoda ukuthi angene. O Nkulunkulu! NjengoMikhaya wakudala, wayengabusisa kanjani uAhabu lapho isiprofetho simelana laye? Lapho lowo mprofethi omkhulu olamandla, uElija, weza kuye, futhi ngoba wayethethe impilo yaleyo ndoda engelacala, uNabothi, ngakho wathi, “Izinja zizakhotha igazi lakho.” Khona-ke uMikhaya wayengaprofetha njani izinto ezinhle na?



41 Abantwana abagcwaliswe nguMoya balamuhla bangaprofetha kanjani okuhle kwabagcwele isono, abantu abangakhathaliyo labakhuphele iNkosi phandle? O Nkulunkulu, sibona kuphela ubumunyu bokwahlulelwa ngaphambili. Lokuklabalala kulabo abangalunganga, “Balekela eNkosini, ngoba UliDwala elizweni elikhatheleyo! UyisiPhephelo esikhathini sesiphepho. Futhi iBizo leNkosi linguMpotshongo olaMandla, futhi abalungileyo bagijimela Kuwo futhi bavikelekile.” Singacabanga njani ngalawo madolobho amakhulu ayakhiweyo, wokuphephela, futhi lapho umxotshani. . . emva komuntu futhi wangena e—empotshongweni, wayeselondolozekile, kungelalutho olungamthinta. O Nkulunkulu, masigijime futhi siphangise siye eNkosini, ngoba UyisiPhephelo sethu laMandla ethu, losizo olukhona kuso sonke isikhathi sohlupho. Ngakho, ngokubona ngelihlo lengqungqulu, njengalokho kwakunjalo, uhlupho luphakama, amayezi egiqika, umdumo lombane wokwahlulela usehlela phansi ngaphezu komhlaba, siyakwazi ukuthi isiphepho sesisondele.

42 Lobubusuku, Nkosi, sikhulekela laba lapha abaphakamise izandla zabo. Kangikwazi lokho ababekufuna, Baba, Wena uyakwazi. Ngiyakhuleka ukuthi Wena uzanika yonke into emphefumulweni yabo eligugu, obekutshiwo yikuphakanyiswa kwaleso sandla. Siphe khona, Nkosi. Silisa abagulayo. Duduza abakhatheleyo. Nika intokozo kwabacindezekileyo. Nika ukuthula kwabakhatheleyo, ukudla kwabalambileyo, ukunatha kwabomileyo, intokozo kwabadanileyo, amandla ebandleni. Nkosi, letha uJesu phakathi kwethu lobubusuku, lapho silungiselela ukuthatha isidlo esimela umzimba Wakhe owephukileyo. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzasivakatshela ngendlela emangalisayo.

43 Busisa ibandla leli elincinyane, umalusi walo othandekayo, uMfowethu Neville lemuli yakhe, lamadikhoni, abaphathi, futhi lomuntu wonke okhona. Busisa abanye, Nkosi, yonke indawo emhlabeni, abalindele ngentokozo ukuza kweNkosi, izibane zilungisiwe, lemiphongolo yonke yentuthu ipholishiwe, futhi ukuKhanya kweVangeli kukhanya endaweni ezimnyama.

44 Manje, ngisize, Nkosi, ngalawa aMazwi amalutshwane. Libusise Lona lapho siLibala, futhi sinike indikimba, ngoba sikucela eBizweni likaJesu. Ameni.

45 Manje singavula eBhukwini, kusahluko 6 sikaJohane oNgcwele, futhi kwakuzakuba kuhle nxa munye lamunye wethu engabala isahluko lesi sonke lapho sisiya ngekhaya. Ngizathanda ukubala, kuqala kundima 47, kusehla kusiya ku 59, kuhlange, okwendlela nje yokwakha indaba esifundweni sokuthi: *Isidlo*.

UJesu ekhuluma manje, emkhosini. Kwakuyisikhathi esikhulu, leyi imikhosi okwakuyiyo. Banatha amanzi avela edwaleni, ukumela iDwala elalisenkangala. Futhi badla, okwemana eyayiwe okweminyaka eminengi yamakhulu adluleyo, ngesikhumbuzo. Kwaku ngumkhosi wephasika, njengoba silawo lobubusuku.

*Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, Lowo okholwa kimi ulempilo engapheliyo.*

*Mina ngiyisinkwa sempilo.*

*Oyihlo badla imana enkangala, futhi bafa.*

*Lesi yisinkwa esehla sivela ezulwini, ukuze umuntu adle okwaso, futhi angafi.*

*Mina ngiyisinkwa esiphilayo esehla sivela ezulwini: uba umuntu esidla lesisinkwa, uzaphila kuze kube ninilanini: njalo isinkwa mina eNgizasinika siyinyama yami, mina eNgizayinikela ngempilo yomhlaba.*

*AmaJuda asephikisana, esithi, Lo angasinika njani inyama yakhe siyidle?*

*Ngakho uJesu wathi kuwo, Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, Ngaphandle kokuthi lidle inyama yeNdodana yomuntu, linathe igazi layo, kalilampilo phakathi kwenu.*

*Odlala inyama yami anathe igazi lami, ulempilo elaphakade; futhi Ngizamvusa ngosuku lokucina.*

*Ngoba inyama yami iyikudla okuqotho legazi lami lingokunathwayo okuqotho.*

*Odlala inyama yami, anathe igazi lami, uhlala kimi, Lami kuye.*

*Njengalokhu uBaba ophilayo engithumile, lami Ngiphila ngoBaba: ngakho ongidlayo, laye uzaphila ngami.*

*Lesi yisinkwa esehla sivela ezulwini: akunjengaboyihlo abadla imana, futhi sebafa: kodwa odlala... lesi isinkwa uzaphila kuze kube ninilanini.*

*Watsho lezi zinto esinagogeni, efundisa eKapenawume.*

<sup>46</sup> INkosi mayibusise iLizwi Layo. Ngifuna uku, okwemizuzu nje emilutshwane, ngikhulume ngokuthi: *Isidlo*. Litshoni ibala elithi *isidlo* na? *Ukukhulumisana* kutsho “ukukhuluma.” Ukuba, uku... *Isidlo* ngempela kutsho “ukuba lobudlelwano, ukukhulumisana omunye lomunye.” Nxa ukhuluma efonini komunye umuntu, uphathel inkulumbo lapho, liyakhulumisana omunye lomunye. Futhi nxa singabuya eceleni futhi sime ngemuva emuva kwesakhiwo, loba nguphi umuntu lomalusi,

kumbe loba baphi abantu ababili, bayakhulumisana omunye lomunye.

<sup>47</sup> Manje, awukhulumisani lomsakazo, ngoba awungeke uwuphendule, kumbe itelevishini. Kodwa lapho... Ungakwenza ngefoni, ngoba liyakhulumisana omunye lomunye, akusilo hlangothi lunye. Kuyi... Angeke ngikhulumisane lani manje, ngoba kaliphenduli. Ngakho, ngakho-ke, kuyabe kungafanelanga ukulalela umtshumayeli esethula umbiko wakhe. Lokho kungeke kube yikho, ukuza ndawonye, ukukhulumisana. Isidlo asingeke sibe yilokho... Nxa ungabuya nje ukuzokhulumisana lomtshumayeli nje, uyambizela eceleni, kumbe loba uphi umuntu, futhi ukhulumisane laye kumbe owesifazana.

<sup>48</sup> Kodwa kulokho esibuya kukho, isidlo, kuyithi thina njengomuntu ngamunye ukukhulumisana loKhristu. Lokho yikukhulumisana. Khona-ke, ukukhulumisana akusikho lapho *oyedwa* ekhuluma, sonke siyenza ukukhuluma, kodwa ulindele lokubona lokho Akutshoyo kithi.

<sup>49</sup> Manje, yikho lapho, izikhathi ezinengi, lapho esenza khona amaphutha ethu amakhulu, yikuthi, senza ukukhuluma konke futhi singalindeli futhi siMnike ithuba lokuphendula. Siyahamba ngezinye izikhathi, sithi, “Nkosi, ngingathanda ukuthi Wenze *ukuthi-lo-kuthi* lo *kuthi-lo-kuthi*, ameni,” futhi uphakame njalo uhambe. Manje, lokho kayisikho ngempela ukukhulumisana. Lokho yikuhamba usiyacela isisa. Kodwa lapho uhlala isikhathi eside eseneleyo aze Aphendule, yikho lapho othola khona ukukhulumisana, ukukhulumisana leNkosi. Manje, futhi indlela enkulu yokukhulumisana, yikuvumelana, kufanele livumelane phezu kwezinto ezithile. Manje, futhi kuyamangalisa ukuthi kwezinye izikhathi lapho sithola lezo zinto... .

<sup>50</sup> Ukudla kuhambelana lakho. Manje, uthathe abantu bezamabhizimusi, lapho befuna ukwenza intengo ephathelene lebhizimusi, bayanxusa omunye umuntu ukuphuma bayekudla. Futhi emva sebehlezi phansi futhi badle, futhi-ke bakhulumisane. Umathengisa omuhle, ngokuvamileyo angeke akhulume lomuntu olesisu esingelalutho. Kuhle kakhulu ukulinda aze azwe kahle, futhi-ke emva esedlile ukudla kwakhe kwekuseni. Ungafiki lapho futhi umsuse embhedeni futhi umtshela mayelana ngento okumele umthengisele yona, kodwa lindela aze abe lokudla kwakhe kwekuseni futhi-futhi eseme kahle emumweni.

<sup>51</sup> Ngolunye usuku, ngitshumayela ngomfazi owegeza inyawo zikaJesu, phezulu eCanada ngangikhuluma lokhu, ngisithi ukuthi lapho isethekeli sisiza ukuvakatshela omunye umuntu, lumuntu wayelezinto ezithile ayefanele adlule kuzo engakazizwa ngempela efanele ukuvakatsha, kumbe,

ukukhulumisana. Ukuvakatsha yikukhulumisana. Manje, babesiza ku...Ukunxuswa, kuqala wawumele unxuswe. Khona-ke ubusungena emnyango lomagezisa inyawo wayegezisa inyawo, ngoba ukuhamba, wawusiba lephunga le—lenyamazana lokunjalo ngasendleleni. Bonke babe... abantu babehamba indlela efanayo lenyamazana, futhi—futhi-ke lephunga lothuli, lesambatho sePalestina sasiluphakamisa futhi lwaluhlala ezithukuthukwini zasenyaweni, futhi lobuso lapho obungambozwanga khona, la—lasezandleni. Futhi—futhi babebabamba emnyango, umagezisa inyawo wayekwenza, futhi wayegezisa inyawo zabo. Futhi-ke enye indoda yayisima lapho ilethawulo futhi le—le-alabasta, futhi babefafaza li-alabasta ezandleni, futhi beyihlikihle *kanje*, futhi—futhi bakuhlikihlele ebusweni babo, khona-ke bathathe ithawulo futhi bazihlikihle. Lokho kwasusa ingcekeza yonke lephunga. Futhi kwakusiba lenye into kukho okwakhulumelelisa, njengementhol, futhi kwabenza bezwe ngcono.

<sup>52</sup> Khona-ke lapho bengena, ungagqokanga zichathulo zakho ezindala ezingcolileyo, lezo zigcabha ezinhle, babesiba lamancinyane, njengamaslipha endlini amancinyane, futhi babengena. Futhi-ke i—isethekeli sasingena futhi—futhi-ke umninindlu waye—wayebaqabuja abamukele. Futhi, bona, wawungasoze ufune umninindlu akuqabuje nxa wawulephunga elibi. Wawungeke ufune ukuhamba phezu kwezigcabha lapho ungcilile. Futhi-ke umninindlu uzakuqabuja ekwamukela, futhi-ke wawusungomunye wabendlu.

<sup>53</sup> Futhi, manje, uNkulunkulu ulezinto ezinjalo. Singakalungiseleli sibili ukukhulumisana loNkulunkulu, kumele kuqala sigezwe ngamanzi eLizwi. Ukwahlukaniswa, amanzi okwehlukana asehlukana ezonweni zethu. Manje, okokuqala, awungeke ukhulume loNkulunkulu futhi awungeke ukhulumisane loNkulunkulu, futhi kule...Kuqala, kumele uphenduke kulokho okwenzileyo, ngoba awungeke ukholwe kuhle uze uphenduke, “Nkosi, thethelela ukungakholwa kwami.” Bona? “Thethelela ukungakholwa kwami.” Kumele uphenduke, kuqala. Futhi, lapho uphenduka, khona-ke wena u... izono zakho zangemuva zithethelelwe, khona-ke usufanele ubhaphathizo. Manje, khona-ke Wathembisa uMoya oNgcwele, emva kokubhaphathizwa.

<sup>54</sup> Manje, into yikuthi, lokho, kulokhu kukhulumisana, siyafumana ukuthi kwaku lo—lokugezana inyawo lezinto ezihambisana lalokho, njalo, ukugeza inyawo zethu, njengomfanekiso wokuhlazeka kukaMoya oNgcwele.

<sup>55</sup> Manje, khona-ke, kumele kube lokuzwelana omunye komunye. Nxa lingazwanani lomninindlu wakho—wakho, khona-ke a—alingeke likhulumisane. Hatshi, u—ungeke ukwenze, ngoba awuvumelani laye. Kodwa nxa livumelana, khona-ke lingakhulumisana. Ngakho yiyo indlela okuyiyo lapho

sisiza etafuleni yeNkosi, kumele sivumelane leLizwi Lakhe. Bona? Kumele sizalwe kutsha, uMoya kaNkulunkulu phakathi kwethu usithi “ameni” kulo lonke iLizwi Alibhalileyo, khona-ke singakhulumisana Laye.

<sup>56</sup> Lokhu silakho kuNkulunkulu, nxa inhliziyi zethu zingasicali, khona-ke silesisa loNkulunkulu. Siyakwazi siyathola izikhalazo zethu lezicelo, kungenxa yokuthi inhliziyi zethu azisicali. Manje, nxa uNkulunkulu esitshela ukuthi kumele sizalwe kutsha, futhi asikemukeli ukuzalwa okutsha, khona-ke sizakuzwa singahlalisekanga kancinyane mayelana ngokuhamba, siMcela lobayini, bona, ngoba siyazi asenzanga imfunakalo Zakhe. Into kuphela khona-ke ngumkhuleko wesoni. Kodwa sikhuluma Laye lapho sisebudlelwaneni Laye, lokho kuletha isidlo.

<sup>57</sup> Manje, lindlela yesidlo, ngizathanda ukukuchasisa okwesikhatshana. Manje, siyathatha, lokho esikubiza ngokuthi *isidlo*, yisinkwa lewayini. Manje, lokho kuchazwe ngendlela engayisiyo kuze kungabi kuhle ngitsho ukukhuluma ngakho. O, ukuthi kuchazwe kanjani ngendlela engayisiyo ngokwehla phansi eminyakeni! Lokho ayisiso sidlo sibili, lokho nje yikugcina umlayo. Bona? Manje, isizatho sikubiza ngokuthi isidlo, kungenxa yokuthi kwavela kunhlanganiso yamaKatolika ngokuba yi “Eucharisti eNgcwele, okungumzimba uqobo weNkosi uJesu.” Kodwa akusikho umzimba weNkosi uJesu! Kuyisikhumbuzo kuphela somzimba Wakhe.

<sup>58</sup> Angilandaba ukuthi bangaki abapristi kumbe abatshumayeli, kumbe ngubani obusisa lokho, kulokhu kuyisinkwa lewayini. Akula mpristi lapho si... bayasitshela, ukuthi, “uNkulunkulu ubotshelwe ukulalela kumpristi lapho ephendula isidlo,” lokho abakubiza ngokuthi isidlo, “iEucharisti, ibengumzimba uqobo weNkosi uJesu. Khona-ke ikholwa liyathatha lokho, futhi leso yisidlo.” Lokho kayisikho!

<sup>59</sup> *Ukukhulumisana* yiku “khulumisana, khuluma lo, lenye into ongakhuluma kiyo layo ikuphendule.” Lokho yikukhulumisana. Isinkwa asingeke siphendule. Ngakho, sibili, isidlo sibili nguMoya eNgcwele ephendula. Lapho uMcela, khona-ke Uyaphendula, leso yisidlo esiqondileyo. *Lesi* yisikhumbuzo, ukuthatha i... yokubethelwa Kwakhe lokuvuka Kwakhe, futhi hatshi isidlo. Siyakubiza lokho, kodwa akusikho. Kwavela ebandleni leKatolika, ukuthatha lesisinkwa njengoba sadlula kukho ngolunye usuku ngokohlelo, futhi sikhuluma ngakho ngobuHedeni *Bumelana lesiKhristu*.

<sup>60</sup> “Ukuthi kanjani lesisinkwa esiyindingilizi esincinyane kuyiso uqobo umzimba kaKhristu.” Manje, ibandla leKatolika liyakukholwa lokho. Lake lananzelela, ekwedluleni ibandla, bayazibeka isiphambano, baphakamise ingwane zabo, lokunjalo? Akusilo ibandla, kuyisinkwa lesa phakathi lapho,

“lowo mzimba umpristi awuntshintshe ekubeni yisinkwa kusiya emzimbeni uqobo kaKhristu,” lapho amagundwane lembeba ezingakuthatha. Ngani, awungeke, awungeke ucabange ngokucabanga kwabantu futhi ucabange ukuthi isiqephu sesinkwa sasizakuba ngumzimba weNkosi uJesu! Akungeke kube njalo.

<sup>61</sup> *Isidlo* yi “kukhuluma, futhi kuyaphendula, into okhuluma kuyo.” Lona ibala *ukukhulumisana* kutsho “ukukhuluma,” kumbe “ukuhlanganyela lento ekuphendulayo.” Futhi uNkulunkulu uyakhuluma ekuphendula, isidlo. Futhi lokhu kuyisinkwa lewayini, lokho esikubiza ngokuthi *isidlo*.

<sup>62</sup> Manje, uJesu wathi lapha, lapho ngibala, “Umzimba wami yinyama lokunathwayo, iGazi Lami, umzimba leGazi kuyinyama lokunathwayo.”

<sup>63</sup> Manje, sifuna ukucabanga ngoJesu lokuMhlanganisa, lokho Ayeyikho. Uyini umzimba Wakhe na? Uyini umzimba kaKhristu na? Ngumzimba wamakholwa lowo ohlanganyela Laye kuMoya oNgewe. Hatshi isithombe, hatshi isiqephu sesinkwa, kodwa uMoya osenhliziyweni yomkholwa, futhi kuyahlanganyela ndawonye, ukuthi lapho umuntu loNkulunkulu bengakhulumisana, amadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Umuntu ofayo, ngokuchitheka kweGazi kwaletsa ukuthethelelwa kwezono, futhi lindoda lalumfazi, umfana kumbe inkazana, olobudlelwano loKhristu, ukhulumisana Laye, umzimba.

<sup>64</sup> Njengendoda lomfazi bengahlala phansi futhi bakukhulume, kumbe umfana lenkazana yakhe, UKhristu leBandla Lakhe bayakhulumisana ndawonye. Yiso isizatho sisizwa kuvela Kuye, futhi sibone ikusasa ingakafiki lapha, futhi ungatsho ikusasa ukuthi iphelele, ngenxa yokuthi sikhulumisana loNkulunkulu Lowo ophethe ilaPhakade esandleni Sakhe. Sikhulumisana omunye lomunye, uMzimba kaKhristu, ofihlakeleyo, uMzimba kamoya kaKhristu. Kungahlanganyeli laloba yiluphi uhlobo lwesithombe, kumbe isinkwa kumbe i—wayini, kodwa e—esimweni sikamoya.

<sup>65</sup> Manje, uJesu wakhuluma into efanayo. Ungathatha uJohane oNgewe, isahluko 4, ekhuluma lomfazi emthonjeni, wayekhuluma ngento enjengokuthi, “Obaba bethu banatha kulumthombo, futhi bagebha lumthombo, UJakhobe, futhi—futhi wanika abantwana bakhe lenkomo zakhe okwalamanzi, futhi Uthi, ‘Khonzani edolobheni *elithile*,’ futhi abanye bathi, ‘Kulintaba.’”

<sup>66</sup> UJesu nje—njengoba watsho, “Umzuzu nje! SingamaJuda, futhi siyazwisisa lokho okuyikho, lokho okutshiwo yikukhonza. Kodwa lalala kulokhu, mfazi. Ihola liyeza, futhi manje likhona, ukuthi abakhonzi beqiniso bazakhonza uNkulunkulu ngoMoya langeQiniso. ‘ILizwi Lakho liyiQiniso.’ Futhi uBaba udinga

abanjalo abazaMkhonza eMoyeni laseLizwini, iQiniso. 'ILizwi Lakho liQiniso.' Manje, Wakukhuluma lokho kulowo mfazi.

<sup>67</sup> Bona, uKhristu... UNkulunkulu unguMoya. *UKhristu* kutsho ukuthi "ogcotshiweyo, umuntu ogcotshwe nguNkulunkulu," okwaMenza uKhristu. Manje, uKhristu wathi, "NgiyiKudla lokuNathwayo." Hatshi isinkwa, hatshi isinkwa esisithatha lapha. Lowo akasuye Khristu. Iwayini esiyinatha ku-altare, akasuye Khristu. Imela Yena, ngendlela yomzekeliso. Kodwa uKhristu nguMoya oNgewele, ugcobo oluphezu kweBandla, leyo yiNyama lokuNathwayo.

<sup>68</sup> Ukukhala okukhulu okukhona emhlabeni wonke, ngithemba akula lamunye wenu owake wakuzwa, kodwa, nxa lake lakuzwa, akula kukhala okulingana lokukhala kwendlala. Lapho ubona umama lengane yakhe, futhi angeke ahambe akala mandla, lengane encinyane isifa, lesisu sayo sikhukhumele ngendlala, esizwa lokho kukhala kuvela kuleyo nhliziyi kamama, ubona leyo ngane ilezihlathi zayo ziwele phakathi kuze kube yisikhumba lamathambo, futhi lensini zayo ezincinyane zicazimula, futhi angeke enze umsindo, kalukhuni, amehlo akhe amancinyane ephumele ngaphandle. Akula kukhala okunjengo kulamba lokoma.

<sup>69</sup> Phandle ezinkangala, mangaki amadoda alahlekelwa zimpilo zabo ngokoma! Indaba ezinengi, ukuthi ngingaligcina ubusuku bonke, okwendaba zeqiniso enkangala. Ukuthi kanjani lapho uthola... usoma, ukuthi udeveli ukunika kanjani i-ijankalajimu. Lawabona lapha, akudingakali ukuthi liye eNtshonalanga ukuwabona. Yehla phansi emgwaqweni, futhi kukhangeleka engathi kulamanzi phansi emgwaqweni. Lonke ngamunye wenu lakubona lokho, abake batshayela futhi laba semgwaqweni omkhulu. Lelo lijankalajimu lamanga. Lapha esinye isikhathi esedluleyo, phose iminyaka emithathu kumbe emine edluleyo, ngabala lapho amanye amadada, ephapha edabula ilizwe, abona ijankalajimu futhi awela emgwaqweni, ecabanga ukuthi ayetshaya amanzi. Futhi avele avuthuzeka, atshayelela emgwaqweni owomileyo, ecabanga ukuthi ayesehlela emanzini, amajankalajimu.

<sup>70</sup> Kukangaki udeveli esenza leyonto efanayo ebantwini, ukubanika amajankalajimu amanga, lapho, kungelalutho lapho, kodwa yikukholwa kokuzenzisa. Abantu abanengi lamuhla bathola inkolo yokufanisela, bezama ukwenza enye into kumbe ukwenza ingani kulenye into lapho kungekho njalo! Njengomfazi omncinyane ongumishinari watsho ukuthi walindela waze waqiniseka. Kungcono sikwenze lokho. Kawungeke uphenduke futhi ukuzame njalo. Ulethuba elilodwa, futhi ulePulani, ngakho kungcono sehle khona phansi okulemaki.

<sup>71</sup> Ukukhala kwendlala, lalela, yikukhala okukhulu ngoba yikukhala okulokukhathazeka. Umuntu uyafa. Futhi, o, nxa singafika kuleyo ndawo, nxa isizwe lesi singafika endaweni lapho esilambela khona uNkulunkulu! Sisendlaleni embi ukwendlula izizwe ezinje ngase Indiya ezilambayo ngokwenyama, lesi isizwe siyalamba ngokukamoya. Kodwa emva kokuba usulambe isikhathi eside, kufika endaweni ongasakwazi khona ukuthi ulambile.

